

**SPEECH BY KZN MEC FOR HEALTH, MS NP NKONYENI ON THE
OCCASION OF THE WORLD AIDS DAY AT OSIZWENI**

01 December 2007

Ngizoqala ngokunazisa ngomyalezo kangqongqoshe wethu wezeMpilo kuzwelonke u Dr Manto Tshabalala Msimang mayelana nalolusuku lwanamhlanje i **World Aids Day 2007**:

"I urge all South Africans to pause and consider the gains we have achieved in health communications during past few years. However a lot is still ahead of us.

Positive attitude spreads faster than HIV. Let's choose a positive attitude if we are to win the battle against HIV and AIDS.

Zithande!!:

Lomyalezo ngiwudlulisela lapha endaweni yase Osizweni ngoba ngifuna ukusho ukuthi okuningi sekusele kithina.

Kulo leliviki esikulo, isibhedlela sethu eUmlazi, i **Prince Mshiyeni Memorial Hospital** sibhekene nengwadla yokushona kwabantwana abahlanu ngendaba yesifo se *Klepsiella*.

Okusiphethe kabi udaba lokuthi omama balezingane iningi labo lingama *teenager* nokusinikeza isithombe sokuthi kusekhona intsha esazibandakanya nocansi olungaphephile.

Imiphumela yaloku kuba ukuzalwa kwezingane ezinesisindo esincane esilinganiselwa ku 1,1 kg.

Mangisho nje ukuthi kunzima kakhulu enganeni eneminyaka engu 17 ukunakekela umntwana ngoba kwayona eseyingane okufanele ngabe iwulalele umyalezo wethu wokuthi: **ZITHIBE!**

Kulonyaka sikhuluma nawo wonke umuntu sithi: **STOP HIV AND AIDS. KEEP THE PROMISE. IT STARTS WITH ME!**

Loku ngamanye amagama kuthi **IMPILO YETHU ISEZANDLENI ZETHU.**

Wena ke ikuphi okwenzayo?

PHANSI NAMASOKA, PHAMBILI NEZISHIMANE

Sikhathazeke kakhulu ngezibalo esinazo ezikhomba ukuthi lendawo engaphansi kwe District yase Amajuba, iyona ekhombisa ukudlondlobala ngamandla ekukhuleni kwesibalo sabantu abanengculazi kulesifunda.

Uhulumeni emazingeni eNational kanye nalawo e Provincial ukhona ukusekela zonke izinhlelo ezibhekene nokuqeda ingculazi kanye nesangulela ngculazi.

Ngokunjalo no District Municipality balindeleke ukuthi babambisane no Local Municipality ekutheni izinhlaka zomphakathi kuma Ward, emasontweni kanye nakuma Society zisebenzele ukuxwayisa kanye nokulwisana nezimo eziqhubekisela lombulalazwe phambili.

Singasho nje ngaphandle kokusaba ukuthi isimo esingazinzile sezepolitiki kulendawo senza kungabikho ukubambisana kanye nokuhola kusetshenzwa nomphakathi ukulwisana nengculazi.

Kulesisimo kuzohlala kunzima ukuvumelana ngezinhlelo zokunakekela izintandane, kuzoba nzima ukuvumelana ngezindawo ukufanele zisetshenziswe njengezivande.

Angeke zibe khona izinhlelo zokungceda ukubhalisa bonke laba okufanele bathole ama social grants, foster care grants, birth certificates kanye nokwazisa umphakathi nge indigent policy ebheke ukuthi izingane zabantu abantulayo zithole ukufunda ezikoleni mahhala nabo abazali bangakhokheli intela, ugesi kanye namanzi.

Engikushoyo ukuthi uma singabambisene ezingeni lihulumeni basekhaya, angeke nangephutha ziqalise izinhlelo ze **Monitoring and Evaluation** okuyizona ezingukhiye ngoba zizokwazi ukuxwayisa uhulumeni ngesimo esiqhubekayo ziphinde zibhekelele izindlela okungaxwayiswa ngazo umphakathi ngengozi obhekene nawo.

That is what we mean by the integrated HIV and AIDS response which we see as the key to the success of the Comprehensive Plan for the management of this disease.

Ukukhombisa ukuthi sikhathazekile ngalesisimo, naku esesikwenzile:

uMnyango wezeMpilo kulesifunda uqalise ngohlelo lokuqhasha intsha engasebenzi kodwa eno Matric ukuthi isebenze njengama **Ambassador** azobhekelela ezempilo kulesifunda.

Labantwana sibanikeza imadlanyana engu **R1 000** kanye no **R250** wokubhekelela izindleko zokuhamba.

Kumanje bangu **426** esibaqhashile kuso sonke isifundazwe sakwa Zulu Natal.

Inhloso yaloluhlelo ukuqeda ububha kanye nanokuthi bona basebenze bakhombise abanye abantwana abasakhula izindlela eziyizo zempilo.

Sibaqhasele ukuthi banikeze izeluleko emphakathini mayelana nezifo ezidlangile ezifana ne **TB, STI's, HIV and AIDS**. Sibanikeze nolwazi lokuthi bakwazi ukusiza ngokululeka ukuthi ama Birth Certificate atholakala kanjani, ngokunjalo nangolwazi ngoxhaso olukhishwa nguhulumeni olufana no Foster grants ukuze kuzosizakala ogoga abakhulisa abazukulu babo.

Kumanje sibambe izingxoxo nama University alesifunda ukubhekelela ukuthi imaphi ama learnership labantwana

esingabasungulela wona ukuze bazokwazi ukuthuthukisa ulwazi lwabo.

Abantu bakithi kuhle bazi ukuthi iMinyango kaHulumeni isebenza ngokubambisana ukusombulula izinkinga zemiphakathi. Singuhulumeni sesibonile ukuthi bukhulu ubudlelwano obukhona phakathi kobubha kanye nezifo kubalwa nayo i HIV and AIDS.

Ucwaningo lona selusikhombise ukuthi bukhona futhi ubudlelwane obukhulu phakathi kwe HIV and AIDS kanye ne Tuberculosis.

Ukubhekana nalesisimo, uMnyango wezeMpilo ususungule i **Tuberculosis National Strategic Plan for 2007–2011**, yona ke ephakamisa ukuthi:

- All TB patients be offered voluntary HIV counselling and testing.
- That a package of care for HIV positive patients should include routine screening for TB
- Those who test HIV positive be offered ongoing support
- That early diagnosis and treatment of other opportunistic infections be effected, and that
- Anti-retroviral treatment (ART) be made available to all TB patients who are eligible.
- Infection control in all the TB, general hospitals and primary health care facilities be strengthened.

Umphakathi nawo mawusize ngelokuthi umuntu osekhohelele amasonto amabili aqguqguzelwe ukuthi aye emtholampilo, i **TB ihlolwa iphinde ilashwe mahhala.**

Mayelana nesifo sikagawulayo, sithi abantu mabavolontiyi bayohlola.

KNOW YOUR STATUS— COME FORWARD FOR TESTING.

Ngiceliwe ukuthi ngizonithulela uNdunankulu wethu u **Dr Sbusiso Joel Ndebele;**

- Umpetha kwezokuthutha; ukukhandwa kwamabhuloho kanye nemigwaqo. Siyayazi yonke imisebenzi yakhe njengoNgqonqoshe wezokuThutha, esungula uhlelo luka Zibambele kanye nalolo luka ASIPHEPHE.
- U Dr Ndebele usehole lesifunda njengo Ndunankulu kusukela ngo 2004.
- Izidingo zomphakathi izona athi mazibekwe phambili, abantu basingathwe ngendlela kuhlonishwa amalungelo abo ashicilelwe ku Citizen Charter athi mayisungulelwe abahlali balesifunda.
- U Ndunankulu wethu ukuqhakambisela phezulu ukuhlonishwa kanye nokuvikeleka kwabantu abadala; abakhubazekile; izintandane kanye nabantu besifazane. Ihovisi lakhe linezinhlaka ezibhekene nako loku kubalwa ne HIV and AIDS
- Isiqubulo asidlulisela kithi sonke yilesi esithi: **“Masisukume Sakhe”, “Let us arise and build”.**

Manzankosi.